



I-Tramadol izofakwa oHlwini Lwezinto Ezenqatshelwe ku-2024 World Anti-Doping Code

***UHu Lwezinto Ezenqatshelwe Ngo-2024  
luzoqala ukusebenza mhla ka-1 Januwari 2024***

## **YINI OKUDINGEKA UYAZI?**

i-Tramadol iyisibulali-zinhlungu esinamandla esisetshenziselwa ukwelapha ubuhlugnu obuphakathi nendawo kuya kobubi kakhulu (njengalobo oba nabo ngemva kokulimala noma ukuhlinzwa). Iwuholo lomuntu obizwa ngokuthi i-opiate (yenya izinzwa zibe ndikindiki), i-narcotic (isidakamizwa), futhi itholakala ingamaphilisi, ama-capsule (amaphilisi awumbhojozi), namaconsi anjengamanzi. Udokotela wakho uzokwenzela incwadi yokuthola i-Tramadol uma unobuhlungu obuthatha isikhathi eside, futhi amaphilisi avamile ezinhlungu engasizi. Itholakala kuphela ngencwadi kadokotela.

**1. Ingozi Yokwephulwa Komthetho**  
Uma uhlolwa "Emncintiswaneni" futhi kutholakala i-Tramadol, lokhu kungase kuholele eKwephulweni Komthetho Ophikisana Nokusetshenzisa Kwezikhuthazi (ngisho noma uyisebenzise "Ngaphandle Komncintiswano").

**2. Ukuyeka Ukusebenzisa I-Tramadol**  
Uma njengamanje usebenzisa i-Tramadol, kufanele uqale ukuthatha izinyathelo zokuyeka ngokuphephile ukuyisebenzisa, futhi lokho ukwenze ngokushesha.

**3. Izinkinga zokuthembela emaphilisini noma Ukuba umlutha**

Uma ukhathazeka ngokuthi usuthembele ku-Tramadol noma usuwumlutha wayo, kufanele ukhulume nethimba lodokotela bakho ukuze uthole iseluleko. Uma ungenalo ithimba lodokotela, kufanele uxhumane no-Union's Chief Medical Officer. Kungenjalo, ungaxhumana ne-International Rugby Players noma ne-National Players Union futhi bayokuyalela ukwelashwa/isixazululo esifanele.

**Ungathola ulwazi olwengeziwe ngokufakwa kwe-Tramadol  
Ohlwini Lwezinto Ezenqatshelwe Luka-2024 lapha**

**KHUMBULA UKUTHI NGASO SONKE ISIKHATHI UHLOLE UKUTHI  
UMUTHI WAKHO AWUNAYO INTO EYENQATSHELWE**